



Your own story collection!

Are you and your children regular Nalibali supplement users? If so, then you'll know that all our supplements have one complete story for you to cut out and keep. Most of them also have one part of a two-part story in the Story Corner so that you have another complete story every second week!

So, if you get your favourite reading-for-enjoyment supplement each week, in one year you can collect about 45 stories to read and enjoy with your children! Here are some ideas for making good use of these story resources.

- **At home.** Encourage your children to make their own little libraries at home by collecting the cut-out-and-keep books, zigzag books and Story Corner stories.
- **Make resources.** Use the longer Story Corner stories (on page 8) to create story cards by pasting them onto pieces of cardboard and covering them with plastic.
- **Store stories.** Find something to store your supplement books and story cards in – like a decorated shoebox – and then keep them in a special place, so that children know where to find them when they want to read them.
- **Tell stories.** Become familiar with the Story Corner stories and then use these stories for storytelling.
- **Read and do.** At your reading club, choose one of the cut-out-and-keep books to read aloud to all the children. Let them follow in their own copies as you read to them. Then try some of the "Get story active" activity ideas – they extend and deepen the children's understanding of the story.
- **Read alone and in pairs.** At your reading club, let the children choose which cut-out-and-keep book or story card they would like to read with a volunteer or partner. Invite older children to also read on their own or to younger children.
- **Spread the message.** If you run a reading club, share information about the importance of reading to children with the children's parents and other caregivers by sending home the article on page one of the supplement for them to read.

Missed out on a copy of your Nalibali supplement or looking for back copies? Visit the "Supplements" section on the Nalibali website at www.nalibali.org/supplements to download copies of your favourite reading-for-enjoyment supplement!



Iqoqo lakho lezindaba!



Ngabe wena kanye nezingane zakho nivamisile ukusebenzisa izithasiselo zakwaNalibali? Uma kunjalo, kusho ukuthi vele niyazi ukuthi izithasiselo zethu ziba nendaba eyodwa ephelele enizoyisika niyikhiphe bese niyigcina. Eziningi zazo futhi zinezindaba eziba nengxenywe yokuqala yezingxenywe ezimbili eKhoneni Lezindaba ukuze ukwazi ukuqedela enye indaba njalo ngemuva kwesonto lesibili!

Ngakho, uma uthola isithasiselo sokufundela ukuzithokozisa isonto ngalinye, onyakeni owodwa uzoziqoqela izindaba ezingama-45 ozozifunda nozozithokozela nezingane zakho! Nanka amanye amacebo okusebenzisa kahle lezi zinsiza zezindaba.


- **Ekhaya.** Khuthaza izingane zakho ukuthi zenze umtapo wazo wezincwadi omncane ekhaya ngokuqoqa izincwadi ozisika uzikhiphe bese uzigcina, izincwadi ezimazombezombe kanye nezindaba zeKhona Lezindaba.
- **Yakhani izinsiza.** Sebenzisani izindaba ezinde zeKhona Lezindaba (ekhasini lesi-8) ukuze nizenzele amakhadi ezindaba enizowanamathisela emakhalibhothini bese niwamboza ngoplastiki.
- **Gcinani izindaba.** Tholani into enizogcina kuyona amabhukwana ezithasiselo kanye namakhadi ezindaba kuyona – efana nebhokisi lezicathulo elihlotshisiwe – bese nikugcina endaweni ekhethekile, ukuze izingane zazi ukuthi zizokuthola kuphi uma zifuna ukufunda noma ukukuboleka.
- **Xoxani izindaba.** Zijwayezeni izindaba zeKhona Lezindaba bese nisebenzisela lezi zindaba ukuxoxa ezinye izindaba.
- **Funda bese wenza.** Khetha ethimbeni lakho lokufunda, incwadi eyodwa ozoyisika uyikhiphe bese uyigcina, ozoyifundela kakhulu izingane zonke. Zivumele ukuthi zilandele indaba ezincwadini zazo ngesikhathi uzifundela. Zamani amanye amacebo emisebenzi yo-"Kwenza indaba ihlabe umxhwele" – kwandisa futhi kugxilisela ukuqonda kwezingane indaba.
- **Fundani ngamunye noma ngababili.** Vumelani izingane ethimbeni lenu lokufunda ukuthi zikhethe incwadi ezizoyisika ziyikhiphe bese ziyigcina, noma ikhadi lezindaba ezithanda ukufunda nozinikele noma nomlingani. Cela izingane ezindadlana ukuthi zizifundele, noma ukuthi zifundele izingane ezisencane.
- **Sabalalisa umlayezo.** Uma uqhuba ithimba lokufunda, yabelana ngokubaluleka kokufundela izingane nabazali bezingane kanye nabanye abanakekela izingane ngokuthumela okubhalwe ekhasini loku-1 lesithasiselo ukuze bakufunde.

Ngabe kukhona isithasiselo sakho sakwaNalibali ongazange usithole, noma ufuna amakhophi akudala? Vakashela isigaba esithi "Supplements" ewebhusayithini yakwaNalibali ku-www.nalibali.org/supplements ukuze uthwebule ngokusebenzisa insiza yekhompyutha izithasiselo zakho ozithandayo zokufundela ukuzithokozisa!



Drive your imagination

Read to me. Book by book.
Ngifundele. Incwadi nencwadi.



It starts with a story...



Drive your
imagination

Your story

Here is a praise poem about the sea that was originally written in isiXhosa. Enjoy reading it!

The ocean

Beautiful and attractive,
You are as wide as the world.
You are water and we drink from you.
Ocean, in you
There are animals and fish.

Without you, Ocean,
What would we drink?
You are water and life to us.
However, you are also dangerous
Without showing it,
You are dark and deep.

We bathe, we cook because
You are water, you are life.
Ocean, you are beautiful and attractive
But, you are very dangerous
To small children.
Children, let us be careful.

The ocean is beautiful and attractive
The ocean is dangerous
One must be careful
Children, let us be careful.

Rethabile Maeena, 11 years, Ihobe Intermediate School, Bloemfontein
This poem was written in isiXhosa and then translated into English.



"Exercise the writing muscle every day, even if it is only a letter, notes, a title list, a character sketch, a journal entry. Writers are like dancers, like athletes – without that exercise, the muscles seize up."
Janet Yolen, author

Indaba yakho

Nazi izibongo ezimayelana nolwandle ezazibhalwe ngesiXhosa. Zithokozele!

Ulwandle

Lwandle umuhle uyabukeka,
Umkhulu njengomhlaba.
Lwandle ungamanzi, siyakuphuza.
Lwandle, ngaphakathi kwakho
Kukhona izilwane, nezinhlanzi.

Ngaphandle kwakho, lwandle
Singaphuzani na?
Ungamanzi, uyimpilo kithi.
Lwandle uyingozi kodwa,
Awukhombisi, ufihlekile,
Umnyama, ujulile.

Siyageza, siyapheka ngoba
Wena ungamanzi, uyimpilo.
Lwandle umuhle uyabukeka
Kodwa uyingozi
Kakhulu ezinganeni ezincane.
Masiqapheleni zingane.

Ulwandle luhle luyabukeka,
Ulwandle luyingozi,
Lufuna umuntu oqaphelayo.
Masiqapheleni zingane.

URethabile Maeena, iminyaka eyi-11, Ihobe Intermediate School, eBloemfontein
Le nkondlo ibibhalwe ngesiXhosa yase ihunyushelwa esiZulwini.



"Vocavoca izicubu zokubhala nsuku zonke, noma ngabe ubhala incwadi eya kothile, amanothi, uhlu lwezihloko, ngokudweba umfanekiso okhombisa umlingiswa, nejenali. Ababhali bafana nabadansi abazibandakanya kwezemidlalo – uma ungazivocavoci, izicubu ziyakhathala."
Janet Yolen, umbhali

Do you enjoy writing and drawing? Are you an adult who writes for children? Or, are you a child who enjoys writing poems or stories, or drawing pictures and then writing about them? We'd love to see what you've been doing! If you send us your writing and pictures, you stand a chance of having them published in the Nal'ibali supplement, or on the Nal'ibali website. Remember: it has to be all your own work!

Send your writing and pictures to: info@nalibali.co.za or PRAESA, Suite 17–201, Building 17, Waverley Business Park, Wyecroft Road, Mowbray, 7700.

Ngabe uyakuthokozela ukubhala nokudweba? Ngabe ungumuntu omdala obhalela izingane? Noma, ngabe uyingane ekuthokozelayo ukubhala izinkondlo noma izindaba, noma ukudweba izithombe bese ubhala ngazo? Singathanda ukubona ukuthi bewenzani! Uma usithumelela lokho okubhalile nezithombe, ungaba sethubeni lokuthi kushicilelwe esithasiselweni sakwaNal'ibali, noma kusizindalwazi sakwaNal'ibali. Khumbula: ukuthi kumele konke kube umsebenzi wakho!

Thumela okubhalile nezithombe ku-info@nalibali.co.za noma ku-PRAESA, Suite 17–201, Building 17, Waverley Business Park, Wyecroft Road, Mowbray, 7700.



Nal'ibali on radio!

Enjoy listening to stories in isiZulu and in English on Nal'ibali's radio show:

Ukhozi FM on Monday to Wednesday from 9.20 a.m. to 9.30 a.m.

SAfm on Monday, Wednesday and Friday from 1.50 p.m. to 2.00 p.m.



UNal'ibali usemsakazweni!

Thokozelani ukulalela izindaba ngesiZulu nesiNgisi ohlelweni lomsakazo lukaNal'ibali:

Ku-Ukhozi FM ngoMsombuluko ukuya kuLwesithathu kusukela ngo-9.20 ekuseni ukuya ku-9.30 ekuseni.


Ku-SAfm ngoMsombuluko, ngoLwesithathu nangoLwesihlanu kusukela ngo-1.50 emini ukuya ku-2.00 emini.

Create your own cut-out-and-keep book

1. Take out pages 3 to 6 of this supplement.
2. Fold it in half along the black dotted line.
3. Fold it in half again.
4. Cut along the red dotted lines.

Zakheleni eyenu incwadi enizoyisika niyikhiphe bese niyigcina

1. Khipha amakhasi 3 ukuya ku-6 kulesi sithasiselo.
2. Lisonge libe nguhhafu lapho kunomugqa (ulayini) wamachashaza amnyama khona.
3. Lisonge libe nguhhafu futhi.
4. Sika lapho kunomugqa wamachashaza abomvu khona.



“Ngingadansa umdanso wezinyoni. Ngibuke
ngishaya iphiko lami. Ngiyandiza ngindize
futhi esibhakabhakeni esiluhlaza bese ngihlala
ezihlahleni ngicule!”

“I can do the bird dance
Watch me flap my wing.
I fly and fly in the bright blue sky
then sit in the trees and sing!”



Fold

Manje uVusi wayesekugonda lokhu. Wayefuna ukudla
naye. UVusi wabhaka ngaphakathi kwebhokisi. Wase
ekhipha indwangu enalemibala: obomvu, oluhlaza
okwesibhakabhaka noluhlaza okotshani.
“Buka! Kukhona inyoka ebhokisini,” kusho yena.
“Sssi Sssi!”

Now Vusi understood. He wanted to play too.
Vusi looked inside the box. He pulled out a red,
blue and green cloth.
“Look! There is a snake in the box,” he said.
“Hissi! Hissi!”



CAMBRIDGE

The jungle box

Ibhokisi lehlathi


The jungle box is from the Rainbow Reading series
by Cambridge University Press. Rainbow Reading is a
graded series for primary schools. It provides a wealth
of original stories and factual texts, which will help
learners to develop the reading skills and vocabulary
they need to meet the requirements of the curriculum –
in all learning areas. Rainbow Reading consists of 350
titles which are grouped by level and theme. For further
information, visit www.cup.co.za



Cambridge University Press
P O Box 50017, V&A Waterfront, 8002
Tel 021-4127800 | Fax 021 4198418
Email info@cup.co.za

 **CAMBRIDGE**
UNIVERSITY PRESS
www.cup.co.za

Nal'ibali is a national reading-for-enjoyment
campaign to spark children's potential through
storytelling and reading. For more information,
visit www.nalibali.org or www.nalibali.mobi



UNal'ibali umkhankaso wokufundela
ukuzithokozisa kazwelonke wokokhela
lokho okungenziwa yizingane ngokuxoxa
nangokufunda izindaba. Ukuze uthole eminye
imininingwane, vakashela ku-www.nalibali.org
noma ku-www.nalibali.mobi



Fold

Nicole Levin
Marjorie van Heerden



UBusi wakhipha indwangu enemibala eminingi. Wayithandela emzimbeni wakhe. Wadansa futhi wacula ezungeza egumbini.

Busi pulled out a cloth of many different colours. She put the cloth around her. She danced around the room and sang.



Busi pushed a big cardboard box into the kitchen.

“What’s in there?” asked her brother, Vusi.

“Wild animals,” replied Busi. “Can’t you hear them?”

UBusi wadudulela ikhalibhothi elikhulu ekhishini.

“Kukhonani la ngaphakathi?” kubuza umfowabo, uVusi.

“Izilwane zasendle,” kuphendula uBusi. “Ngabe awuzizwa?”

“Ngingadansa umdanso wezinyoka. Ngibuke ngihuhluza ngesisu phansi. Ngihamba ngikhalisa okwenyoka endleleni bese ngicasha phansi kwedwala.”

“I can do the snake dance. Watch me slither and slide. I hiss and hiss along the path then under a rock I’ll hide.”



Soon there were no more animals left in the box.

“That was fun,” said Busi. “And you see, there weren’t just Aunty’s cloths in the box.”

“No,” said Vusi, “there was a whole jungle!”

Kungaphelanga sikhathi, kwakungasekho zilwane ezisele ebhokisini.

“Bekumnandi kakhulu lokhu,” kusho uBusi. “Uyabona-ke, bekungezona izindwangu zika-anti kuphela ebezisebhokisini.”

“Cha,” kusho uVusi, “bekunehlathi lonke!”

“Look a bit harder,” said Busi. “Can’t you see the bird flapping to get out?”

“Bheka kahle,” kusho uBusi. “Ngabe awuyiboni inyoni eshaya amaphiko ukuze iphume?”



Fold

Busi laughed at her brother. Vusi looked funny as a snake.

Then it was Busi’s turn. She pulled out a piece of brown cloth.

“Look! There’s a monkey in the box,” she said.

UBusi wahleka umfowabo. UVusi wayebukeka ehlekisa lapho elingisa inyoka.

Kwase kuba yithuba likaBusi. Wadonsa isigephu sendwangu ensundu.

“Bheka! Kukhona inkawu ebhokisini,” kusho yena.



Vusi danced the elephant dance.

UVusi wadansa umdanso wendlovu.



Then Busi danced the butterfly dance and Vusi danced the spider dance.

UBusi wase edansa umdanso wovemvane kanti uVusi yena wadansa umdanso wolwembu.



Vusi put his ear against the side of the box.

“I can’t hear anything,” he said.

“Step back, I will show you,” said his sister.


UVusi wabeka indlebe eceleni kwebhokisi.

“Angizwa lutho,” kusho yena.

“Hlehla, ngizokukhombisa,” kusho udadewabo.



Fold



Vusi looked at the pile of coloured cloths in the box.

“That is just cloth for Aunty’s sewing. Where are the animals?” asked Vusi.

UVusi wabuka ingqumbi yezindwangu ezinemibala ezazisebhokisini.

“Yizindwangu zomthungo ka-Anti lezi. Ziphi izilwane?” kubuza uVusi.

“I can do the monkey dance. I’m happy and I’m free when I’m jumping and swinging in a big jungle tree!”

“Ngingadansa umdanso wezinkawu. Ngijabule futhi ngikhululekile uma ngigxuma futhi ngishwibeka esihlahleni esikhulu sasehlathini!”

Vusi jumped onto a chair. He didn’t want the animals to bite him.

Busi opened the box. There were no animal sounds. She pulled out a big piece of cloth.

UVusi wagxumela esihlalweni. Wayengafuni ukulunywa izilwane.

UBusi wavula ibhokisi. Kwakungekho misindo yezilwane. Wadonsa isiqephu esikhulu sendwandu.

Busi and Vusi found many different animals inside the box. They did many different dances. Busi danced the tiger dance.

UBusi noVusi bathola izilwane eziningi ezahlukene ebhokisini. Benza imidanso eminingi ehlukeni. UBusi wadansa umdanso wengwe.



Get story active!

Here are some activities based on the story, *The jungle box*, for you and your children to try.

As you read the story together

- Look at the picture on the front cover and read the title to your children. Ask them what they think a jungle box might be.
- Make comments and ask open-ended questions that help your children to explore the story. For example, after reading:
 - page 2, you could say, "I wonder what made Busi think that there were wild animals in the box."
 - pages 4 and 5, you could ask, "Do you think Busi really believes that there are animals in the box?"
- Draw your children's attention to the details in the illustrations. For example, talk together about how Busi looks like a bird on page 8 and how Vusi looks like a snake on page 10.



Yenza indaba ihlabe umxhwele!

Nansi eminye imisebenzi esuselwa endabeni ethi, *Ibhokisi lehlathi* eningayizama nezingane zakho.

Ngesikhathi nifunda indaba ndawonye

- Bheka isithombe esisekhaveni engaphambili bese ufundela izingane zakho isihloko. Zibuze ukuthi zicabanga ukuthi ngabe liyini ibhokisi lehlathi.
- Phawula ubuze imibuzo engaba nezimpendulo eziningi ukuze usize izingane zakho ukuthi zijule nendaba. Isibonelo, ngemva kokufunda:
 - ikhasi lesi-2, ungathi, "Kazi yini eyenze ukuthi uBusi acabange ukuthi kukhona izilwane zasendle ebhokisini?"
 - ikhasi lesi-4 nelesi-5, ungabuza ukuthi, "Ngabe ucabanga ukuthi uBusi ukholelwa ekutheni kukhona izilwane ebhokisini?"
- Khombisa izingane zakho yonke imininingwane esemidwebeni. Isibonelo, xoxani ngokuthi ngabe uBusi ubukeka kanjani njengenyoni ekhasini lesi-8, nokuthi uVusi ubukeka kanjani njengenyoka ekhasini le-10.

The Nal'ibali bookshelf


Have you tried reading *Yawning is catching* to your children? It is a light-hearted story about what happens around you even when you are too busy to notice! It's available in all South African languages.

Title: *Yawning is catching*

Authors: Beverley Burkett, Denise Manning, Lungi Radasi, Lyn Stonestreet

Illustrator: Lyn Stonestreet

Publisher: Cambridge University Press (www.cup.co.za)



Eshalofini lezincwadi lakwaNal'ibali

Ngabe uke wazama ukufundela izingane zakho indaba ethi, *Ukuzamula kuyathelelana*? Yindaba emnandi emayelana nokuthi kwenzekani uma uxakeke kakhulu ungaboni okwenzeka endaweni okuyo. Itholakala ngazo zonke izilimi zaseNingizimu Afrika.

Isihloko: *Ukuzamula kuyathelelana*

Ababhali: Beverley Burkett, Denise Manning, Lungi Radasi, Lyn Stonestreet

Owenze imidwebu: Lyn Stonestreet

Umshicileli: Cambridge University Press (www.cup.co.za)



Collect the Nal'ibali characters

Cut out and keep all your favourite Nal'ibali characters and then use them to create your own pictures, posters, stories or anything else you can think of!

About Mbali

Age: 2

Brother: Neo

Lives with: her mother, father, Gogo and Neo

Favourite colour: pink

Favourite sport: karate

Books she likes: nursery rhymes, but she also likes pretending to read her brother's books

Things she likes to do: dressing up; reading to her teddy bear and to Bella's dog, Noodle

Ziqoqele abalingiswa bakwaNal'ibali

Sika bese ugcina bonke abalingiswa bakwaNal'ibali obathandayo bese ubasebenzisela ukwenza ezakho izithombe, izindaba noma nanoma yini oyicabangayo!

Mayelana noMbali

Iminyaka: 2

Umfowabo: uNeo

Uhlala: nomama wakhe, ubaba wakhe, uGogo wakhe noNeo

Umbala awuthandayo: ophinki

Ezemidlalo azithandayo: umkhalambazo

Izincwadi azithandayo: imilolozelo kodwa uyathanda futhi nokwenza sengathi ufunda izincwadi zikamfowabo

Izinto athanda ukuzenza: ukuzigqokisa kahle; ukufundela uthedibhe wakhe kanye nenja kaBella, uNoodle



Here's an idea...

- Cut out and colour in the picture of Mbali and then paste it on a sheet of paper. Next draw a thought bubble above Mbali's head. Then draw a picture inside the thought bubble to show what she is reading about.
- Or, keep the picture in a safe place and when you have collected all the Nal'ibali characters, use them to create your own Nal'ibali poster!

Nali icebo...

- Sika ukhiphe bese uhlobisa ngombala isithombe sikaMbali, bese usinamathisela ephepheni elikhulu. Landelisa ngokudweba ibhamuza lenkulumo phezu kwekhanda likaMbali. Bese udweba isithombe ngaphakathi kwebhamuza lenkulumo ukuze ukhombise ukuthi ufunda ngani.
- Noma, ugcine isithombe endaweni ephephile, kuthi uma usuthole bonke abalingiswa bakwaNal'ibali, ubasebenzisele ukuzenzela eyakho iphosta yakwaNal'ibali!

Story corner

Here is the first part of a story for you to read aloud or tell. It is about a man who knew a lot about growing things, but had a few other lessons he needed to learn!

Mr Shabalala's garden

(Part 1)

by Wendy Hartmann

Mr Shabalala lived on a big piece of land. He had a lovely house, an apple tree, hens and a vegetable patch.

The apple tree was very big. The branches stretched far into his garden and over the wall into the field behind the wall. Sometimes there were so many apples that he didn't know what to do with them all.

His hens gave him large, brown eggs. He could not eat all the eggs that his hens laid, so some eggs hatched and he had more chickens than anyone else in the town.

The vegetable patch was always full of wonderful things to eat, but sometimes there were too many pumpkins, medlies, potatoes and other vegetables.



Illustration by Jiggs Snaddon-Wood
Umdwebo wenziwe uJiggs Snaddon-Wood

But Mr Shabalala was not a very nice man. He did not like to share. If anyone came near his house and garden, he became very angry. So Mr Shabalala did not have any friends.

Some things made him so angry that he would shout. When people sat in the shade of the apple tree in the field behind his wall, they made too much noise. When the apples fell off the tree behind his wall, the children would pick them up. They played, ate apples and made too much noise. Sometimes his hens escaped through a little hole in the fence. When they did, they laid their eggs in the field behind his wall. He heard the women talking when they found the eggs and knew they were taking *his* eggs home. But worst of all, sometimes a little boy would knock on his door and ask for seeds from *his* vegetable patch.

One day Mr Shabalala was so angry that he decided he was going to stop everyone from bothering him. He grabbed his saw and cut down every branch of the apple tree that hung over the wall. He blocked up the hole in the fence so that the hens could not escape. And he was so angry that he dug up his vegetable patch.

"At last I will have peace and quiet without anyone bothering me or stealing anything," he said.

**What do you think will happen to Mr Shabalala's garden?
Do you think he will enjoy the peace and quiet? Find out
next week!**

Ikhona lezindaba

Nansi ingxenye yokuqala yendaba ozoyifunda kakhulu noma ozoyixoxa. Imayelana nendoda eyayazi lukhulu mayelana nokuvunywa okutshaliwe kanye nezilwane, kodwa eyayinezifundo eziningi okwakumele izifunde!

Ingadi kaMnumzane Shabalala

(Ingxenye yoku-1)

ibhalwe nguWendy Hartmann

UMnumzane Shabalala wayenomhlaba omkhulu. Wayenendlu enhle, isihlahla samahhabhula, izikhukhukazi kanye nesivande semifino.

Isihlahla samahhabhula sasisikhulu kakhulu. Amagatsha aso ayenabe kakhulu engadini yakhe naphezu kodonga aze afika engadini esodongeni olungemuva. Ngesinye isikhathi kwakuba namahhabhula amaningi kangangoba wayegcina engasazi ukuthi enze njani ngawo wonke.

Izikhukhukazi zakhe zazimkhizela amaqanda amakhulu, ansundu. Wayengakwazi ukudla wonke amaqanda ayezalelwa izikhukhukazi zakhe, ngakho amanye amaqanda ayechamsela nokwakwenza ukuthi abe nezinkukhu eziningi ukudlula wonke umuntu edolobheni.

Isivande sakhe semifino sasihlale sigcwele izinto eziningi ezimnandi ezidliwayo, kodwa ngesinye isikhathi kwakubakhona amathanga, ummbila, amazambane kanye neminye imifino okuningi kakhulu.

Kodwa uMnumzane Shabalala wayeyindoda engenamusa. Wayengathandi ukwabelana nabanye abantu. Uma kwakukhona umuntu owayesondela eduze nendlu kanye nengadi yakhe, wayethukuthela agane unwabu. Ngakho uMnumzane Shabalala wayengenaye noyedwa umngani.

Ezinye izinto zazimndina kakhulu kangangokuthi wayeze athethe. Ngesikhathi abantu behleli ngaphansi komthunzi wesihlahla samahhabhula ngemva kodonga lwakhe, babebanga umsindo kakhulu. Uma kuwa amahhabhula esihlahleni esingemva kodonga lwakhe, izingane zaziwacasha. Zazidlala, zidle amahhabhula zibange nomsindo omkhulu. Ngesinye isikhathi izikhukhukazi zakhe zaziphuma ngembobo encane esocingweni. Uma zenze kanjalo, zazizalela amaqanda azo ensimini ngaphandle kodonga. Wayezwa abantu besifazane bekhuluma ngesikhathi bethola amaqanda, futhi wayazi kahle ukuthi bagoduka namaqanda akhe. Kodwa okunzima nakakhulu ukuthi, ngesinye isikhathi kwakuye kufike umfana omncane azocela imbewu evela esivandeni sakhe semifino.

Ngelinye ilanga, uMnumzane Shabalala wayethukuthela kangangokuthi wanquma ukuthi uzoyekisa wonke umuntu ukumhlupha. Wathatha isaha lakhe wanquma onke amagatsha esihlahla samahhabhula ayelengela phezu kodonga lwakhe. Wavala imbobo ocingweni lwakhe ukuze izikhukhukazi zakhe zingaphumi. Futhi wayethukuthela kakhulu kangangokuba waze wemba isivande sakhe semifino.

"Ekugcineni ngizohlala kahle ngokuthula kungekho muntu ongihluphayo noma ongintshontshela okuthile," kusho yena.

Ucabanga ukuthi kuzokwenzekani engadini kaMnumzane Shabalala? Ngabe ucabanga ukuthi uzokuthokozela ukuhlala ngokuthula kungekho msindo? Thola lokhu ngesonto elizayo!

In your next Nal'ibali supplement:

- Help develop children's literacy
- Get your copy of the Nal'ibali Children's Literacy Charter
- Days to celebrate in May
- A cut-out-and-keep book, *Raj keeps a secret*
- The final part of the Story Corner story, *Mr Shabalala's garden*

Don't have time to go to the library or running out of stories to share with your little ones? Visit www.nalibali.mobi to access stories on your phone – anywhere, anytime (standard data rates apply).



Find us
on Facebook:
www.facebook.com/nalibaliSA
Sithole ku-
Facebook:
www.facebook.com/nalibaliSA

Esithasiselweni sakho esilandelayo sakwaNal'ibali:

- Siza ukuthuthukisa ukwazi ukufunda nokubhala kwezingane
- Thola eyakho ikhophi yoMqulu Okhuthaza Ukwazi Kwezingane Ukufunda Nokubhala
- Izinsuku ezizogujwa ngoNhlaba
- Incwadi ozoyisika, uyikhiphe bese uyayigcina, *URaj ugcina imfihlo*
- Ingxenye yokugcina yendaba yeKhona Lezindaba, *Ingadi kaMnumzane Shabalala*

Ngabe awunaso isikhathi sokuya emtatsheni wezincwadi noma usuphelelwa izindaba ongabelana ngazo nezingane zakho? Vakashela ku-www.nalibali.mobi ukuze ukwazi ukuthola izindaba kumakhalekhukhwini wakho – noma yikuphi, noma yinini (lokhu kubiza imali yokusebenzisa i-inthanethi ejwayelekile).

